# Imibuzo Evame Ukubuzwa (FAQs)

## 1. Ingqikithi Ejwayelekile ngeSI

### 1.1 Luyini uhlelo Lokufundisa Ngokwengeziwe (SI)?

***Impendulo:*** *ISI iwuhlelo lokusekela kwezemfundo olwengeza ohlelweni lokufunda ngokwamaqoqo nabalingani ukuze kusizakale abafundi baphumelele izifundo ezinikezana inselelo kumbe okunzima ukuziphumelela.*

### 1.2 Ngakube uhlelo *lweSI* luhluke kanjani ekufundiseni okujwayelekile?

***Impendulo:*** *ISI igxile ekufundeni ngokubambisana ngokuholwa ngumfundi osephumelele leso sifundo, kanti ukufundisa okujwayelekile khona kuholwa nguThisha oqeqeshiwe oneziqu.*

### 1.3 Yini inhloso yezinhlanganiso ze*SI* eziku-inthanethi?

***Impendulo:*** *Izinhlanganiso zeSI eziku-inthanethi zihlose ukuhlinzeka ngokwesekwa lwezemfundo efinyelela kubafundi kungakhathaliseki ukuthi bakuphi nendawo.*

### 1.4 Ngobani abangaba yingxenye yezinhlanganiso ze*SI* eziku-inthanethi?

***Impendulo:*** *Nanoma yimuphi umfundi obhalisele isifundo esihlonzelwe ukwesekwa ngohlelo lweSI angaba yingxenye yalolu hlelo.*

### 1.5 Ngakube izinhlanganiso ze*SI* eku-inthanethi ziyimpoqo?

***Impendulo:*** *Cha, ukubamba iqhaza ezinhlanganisweni zeSI kuya ngokuthanda kwakho kodwa kukhuthazwa ukuba kwenziwe.*

### 1.6 Ngakube izinhlanganiso ze*SI* eku-inthanethi zihlelwe kanjani?

***Impendulo:*** *Izinhlanganiso zihlelwa ngokususela ekutheni abafundi bangatholakala nini, ngemva kokuba sekuhlale amakilasi aku-inthanethi, kanye nangemva kokushicilelwa kwezikhathi zokubhala nokuthumela imisebenzi ngaphansi kwewebhusayithi yeSI.*

### 1.7 Yiziphi izinkundla ezisetshenziswayo ze*SI* eku-inthanethi?

***Impendulo:*** *Okwamanje, kusetshenziswa uMicrosoft Teams kuphela.*

**1.8 Ngiluthola kanjani uhlelo lwezikhathi ze*SI* eku-inthanethi?**

***Impendulo:*** *Uhlelo lwezikhathi lutholakala ekhasini lesayithi yeSI kanye/noma kusayithi lesifundo (izimemezelo)*

**1.9 Ngakube zikhona izindleko ngokungena ku*SI* eku-inthanethi?**

***Impendulo:*** *Cha, izinhlanganiso zeSI zimahhala kubo bonke abafundi abafanelekile.*

**1.10 Yiziphi izifundo ezibhekelelwa uhlelo lwe*SI* eku-inthanethi?**

***Impendulo:*** *Izifundo eziseqhulwini ukuze umfundi adlulele phambili, kanye nalezo okunzima noma okuyinselele ukuziphumelela.*

## 2. Ubuchwepheshe Nokufinyelela

**2.1 Yiziphi izinsiza ozidingayo ukuze ungene ku*SI* eku-inthanethi?**

***Impendulo:*** *Ikhompyutha, ithebhulethi, noma umakhalekhukhwini wesimanje ne-inthanethi.*

**2.2 Ngingena kanjani enhlanganisweni ye*SI*?**

***Impendulo:*** *Sebenzisa imininingwane yakho kamyUnisa ukuze uhlanganyele nabanye.*

**2.3 Ngingakwazi ukuhlanganyela nabanye ku*SI* ngisebenzisa umakhalekhikhwini wami?**

***Impendulo:*** *Yebo, qiniseka ukuthi uneMicrosoft Teams App kumakhalekhukhwini wakho wesimanje*.

**2.4 Ngakube lokhu kuhlanganyela kuyaqoshwa yini ukuze kutholakale kamuva?**

***Impendulo:*** *Yebo, zonke izinhlanganiso zeSI ziyaqoshwa futhi ziyatholakala kufolda yesifundo ngasinye kuMicrosoft Teams.*

**2.5 Ngizilungisa kanjani izinkinga uma ngihluleka ukungena kulezi zinhlanganiso?**

***Impendulo:*** *Bheka imininingwane yakho (kamyUnisa ), noma ukuxhumeka kwe-inthanethi.*

## 3. Abaholi Nabagqugquzeli be*SI*

**3.1 Ngobani Abaholi be*SI*?**

***Impendulo:*** *Abaholi beSI ngabafundi abaqeqeshiwe baphumelela izifundo zabo (okungaba isilinganiso sama-65%), ngokuvunyelwa nguThisha wesifundo, base beqokwa ngokusemthethweni yi-Unisa ukuze baqondise izinhlelo zokuhlanganyela kweSI.*

**3.2 Ngakube bakhethwa kanjani Abaholi be*SI*?**

***Impendulo:*** *Bakhethwa ngokokwenza kahle kwabo ezifundweni, bese befakwa ohlelweni lokuqasha oluhlanganisa ukufaka isicelo, ukufakwa ohlwini lwabakhethiwe, kanye nenhlolokhono.*

**3.3 Yikuphi ukuqeqeshwa okuhlinzekwa Abaholi be*SI*?**

***Impendulo:*** *Baqeqeshelwa ukufundisa, ukufunda ngokubambisana, kanye nokusebenzisa izinsiza zaku-inthanethi.*

**3.4 Ngingaxhumana noMholi wami we*SI* ngaphandle kwezinhlanganiso ze*SI*?**

***Impendulo:*** *Yebo, kodwa kube ngokohlelo lweMicrosoft Teams Chat yesifundo kuphela.*

**3.5 Liyini iqhaza loMholi we*SI* ngokwezinhlanganiso ze*SI* eziku-inthanethi?**

***Impendulo:*** *Uqondisa izingxoxo, akhuthaze abafundi babe yingxenye yokwenziwayo, aphinde acacise ingqikithi yesifundo.*

**3.6 Ngakube abaholi be*SI* bazilungiselela kanjani izinhlanganiso zaku-inthanethi?**

***Impendulo:*** *Bahlala kumakilasi aku-inthanethi alawulwa nguThisha wesifundo, babuyekeze izinsiza zokufunda, bahlele imisebenzi ezokwenziwa.*

**3.7 Ngingaba nguMholi we*SI*?**

***Impendulo:*** *Yebo, uma unezimfanelo zemigomo yokudingekayo (izifundo ezincomekayo), ungafaka isicelo bese uqokwa, uphinde uphothule uqeqesho oluphoqelekile.*

**3.8 Yiziphi iziqu ezidingekayo ukuze ube nguMholi we*SI*?**

***Impendulo:*** *Umholi weSI kuba ngumfundi obhalisiwe njengamanje onomlando owanele wezemfundo, amakhono okuxhumana nabantu, futhi ophumelele isifundo afuna ukuba nguMholi waso ngaphansi kweSI.*

**3.9 Abaholi be*SI* bamelana kanjani nokwahlukahluka kwabafundi ku-inthanethi?**

***Impendulo:*** *Basebenzisa amakamelo okuhlanganyela, amapholi, imidlalo, nezinsiza zokuxhumana ukuze bahlanganyele nabafundi.*

**3.10 Ngakube abaholi be*SI* bayahlolwa?**

***Impendulo:*** *Yebo, ngokwezimpendulo zemibono yabafundi kanye nangokuqashelwa nguMqondisi weSI.*

## 4. Okuqukethwe Nokwakheka Kwenhlanganiso

**4.1 Kwenzekani ngesikhathi kuqhubeka inhlanganiso ye*SI* eku-inthanethi?**

***Impendulo:*** *Abafundi babuyekeza izinsiza zokufunda, bahlonze izihloko okufanele zidingidwe, baxazulule izingqikithi ezinzima bendawonye, baphinde baxoxisane ndawonye.*

**4.2 Ngakube izinhlanganiso zigxile kokushiwo nguthisha?**

***Impendulo:*** *Cha, lapha kuyasetshenziswana, kugxilwe emibonweni yabafundi kuphinde kugxilwe ezindaweni abafundi abadinga usizo lwazo.*

**4.3 Kukhuthazwa kanjani ukubambisana ku-inthanethi?**

***Impendulo:*** *Ngemisebenzi yamaqoqo, izingxoxo, kanye nokwabelana ngemibhalo.*

**4.4 Ngakube kulezi zinhlanganiso kusetshenziswa imibuzo noma izinhlolovo?**

***Impendulo:*** *Yebo, ukuze abafundi baqonde futhi bakhuthalele ukuzibandakanya.*

**4.5 Ngingaziphakamisa izihloko ezingahlanganyelwa ngokwe*SI*?**

***Impendulo:*** *Yebo, kukhuthazwa ukuba abafundi babelane ngalokho abadinga ukuba kufundwe ngakho. Nakuba inhloso kuwukuqondanisa izikhathi zeSI nezihloko zokufundiswa ekilasini eliku-inthanethi, abafundi bavumelekile ukuphakamisa izihloko okungahlanganyelwa ngazo ngokohlelo lweSI. Umholi weSI uzohlinzeka ngesiqondiso kulokhu.*

**4.6 Zichazwa kanjani izingqikithi ezinzima?**

***Impendulo:*** *Abaholi beSI basebenzisa izibonelo, izifaniso, kanye nengxoxo yontanga.*

**4.7 Ngakube ayasetshenziswa amakamelo okuhlanganyela?**

***Impendulo:*** *Yebo, lokhu kukhuthazwa kakhulu ukuze kube nokusebenzisana kwamaqoqo amancane.*

**4.8 Inhlanganiso ngayinye ithatha isikhathi esingakanani?**

***Impendulo:*** *Lokhu kuyahluka ekolishi ngalinye kodwa izikhathi zeSI zivame ukuba yihora elilodwa kuya kwamabili.*

**4.9 Ingabe uba khona umsebenzi wohlelo lwe*SI* owenza ngawedwana?**

***Impendulo:*** *Cha, kodwa kungenzeka kuphakanyiswe ukuba wenze umsebenzi othile.*

## 5. Imiphumela Yokufundile Nemihlomulo

**5.1 Ngakube uhlelo lwe*SI* luyiphucula kanjani indlela owenza ngayo ezifundweni zakho?**

***Impendulo:*** *Ngokugcizelela lokho okuqukethwe yisifundo kanye nokukhuthaza ukufunda okuqhubekayo.*

**5.2 Yimaphi amakhono engingawazuza ku*SI*?**

***Impendulo:*** *Ukucabanga ngokujulile, ukusebenzisana, kanye namasu ezindlela zokufunda*

**5.3 Ngakube uhlelo lwe*SI* lusebenza kahle kulabo abafunda nge-inthanethi?**

***Impendulo:*** *Yebo, lolu hlelo luhlinzeka ngokweseka okuhlelekile kanye nokusebenzisana kontanga.*

**5.4 Ngakube izinhlanganiso ze*SI* zingasiza kumalungiselelo ezivivinyo?**

***Impendulo:*** *Yebo, lezi zinhlanganiso zivame ukubandakanya nemibuzo yokubuyekeza kanye nokulungiselela umsebenzi ozowenza.*

**5.5 Ngakube uhlelo lwe*SI* lukweseka kanjani ukufunda ngawedwana/ ngokuzimele?**

***Impendulo:*** *Lukhuthaza abafundi ukuba ukufunda bakwenze okwabo.*

**5.6 Ngakube zikhona izibalo zesilinganiso senani lempumelelo yohlelo lwe*SI*?**

***Impendulo:*** *Yebo, kunezikhungo ezingaphezu kwama-800 emhlabeni ezisebenzisa izinhlelo zoKufundisa Ngokwengeziwe kanti futhi imibiko ikhombisa ukuthi abafundi abayingxenye yalolu hlelo benza kangcono ezifundweni zabo futhi mancane amathuba okuthi bashiye bengaqedile.*

**5.7 Ngakube izinhlanganiso ze*SI* zingasiza ekwabeni isikhathi ngokufanele?**

***Impendulo:*** *Yebo, ngokuthi zikhuthaza isijwayezi sokufunda ngezikhathi ezithile.*

**5.8 Ngakube izinhlanganiso ze*SI* ziyakuthuthukisa ukuzethemba ngesifundo osenzayo?**

***Impendulo:*** *Yebo, ngokulekelelana nontanga kanye nokuqonda lokho okuqukethwe yisifundo.*

**5.9 Ngakube uhlelo lwe*SI* lubeseka kanjani abafundi abenza unyaka wokuqala?**

***Impendulo:*** *Lukwenza kube lula ukushintshela ekufundeni ezingeni lenyuvesi (ezinye izifundo abazenzayo ngezebanga lonyaka wesibili nowesithathu).*

## 6. Ukuba yingxenye kanye nokubamba iqhaza

**6.1 Ngakube ziyalandelelwa izikhathi ozihlala ezinhlanganisweni ze*SI* eku-inthanethi?**

***Impendulo:*** *Yebo, ngenhloso yokuqapha nokuthuthukisa uhlelo.*

**6.2 Kwenzakalani uma ngiphuthelwe yinhlanganiso?**

***Impendulo:*** *Ungaya yingxenye yenhlanganiso elandelayo noma ubuyekeze izinsiza ebezisetshenziswa kumbe ubuke/ ulalele lokho okuqoshiwe.*

**6.3 Ngingakwazi ukuhlala ezinhlanganisweni eziningi ngesonto ngalinye?**

***Impendulo:*** *Yebo, uma zikhona izinhlanganiso ezihleliwe.*

**6.4 Ngakube kufanele ngibhalisele inhlanganiso ngayinye?**

***Impendulo:*** *Cha, bonke abafundi ababhalisiwe baba yingxenye yezinhlanganiso zeSI ngokuzithandela, alukho uhlelo lokubhalisa oludingekayo.*

**6.5 Ngakube ukubamba iqhaza kunomhlomulo wamamaki?**

***Impendulo:*** *Cha, uhlelo lweSI alunamamaki futhi ulungenela ngokuthanda.*

**6.6 Ngingahlanganyela kanjani nabanye ku-inthanethi?**

***Impendulo:*** *Ngokuqala ube yingxenye yekilasi eliku-inthanethi elilawulwa nguThisha wesifundo, ukubuza imibuzo, ukuhlanganyela ezingxoxweni, kanye nokwenza imisebenzi ebekiwe.*

**6.7 Ngakube ikhona imihlomulo ngokuba yingxenye yalolu hlelo?**

***Impendulo:*** *Yebo, uzokwazi ukuzilungiselela kangcono ekwenzeni imisebenzi yokuhlolwa kwakho uphinde futhi ube nethuba elikahle lokuphumelela isifundo. Ungakwazi futhi ukusebenzisa amakhono owafundile ekufundeni ezinye izifundo ezingenazo izinhlanganiso zeSI.*

**6.8 Ngingakwazi yini ukuba yingxenye yezinhlanganiso ze*SI* ngaphansi kwesifundo engingakasibhaliselanga?**

***Impendulo:*** *Cha, izinhlanganiso zeSI ziba maqondana nesifundo.*

**6.9 Kwenzakani uma ngizizwa nginamahloni okuhlanganyela nabanye?**

***Impendulo:*** *Ungaxhumana nabanye ngezingxoxo noma ngokwamaqoqo amancane.*

## 7. Ukuqapha Nokuhlola

**7.1 Ngakube luhlolwa kanjani uhlelo lwe*SI*?**

***Impendulo:*** *Ngocwaningo, imininingo yabakhono, kanye nemiphumela yesifundo.*

**7.2 Ngakube ayasetshenziswa amafomu okuzwa imibono yabafundi?**

***Impendulo:*** *Yebo, ukuze siphucule iqophelo lezinhlanganiso zethu.*

**7.3 Ngakube Abaqondisi bezinhlanganiso ze*SI* baziqapha kanjani lezi zinhlelo ku-inthanethi?**

***Impendulo:*** *Ngokuthi bahambele izinhlanganiso zeSI, baqaphe ukuqhubeka kohlelo, baphinde basingathe imihlangano yokuxoxisana.*

**7.4 Ngakube liqinisekiswa kanjani iqophelo eliphezulu kuma*SI* aku-inthanethi?**

***Impendulo:*** *Ngokuqeqeshwa, ukuqaphela ukufundisa, kanye nezimpendulo zemibono yabafundi.*

**7.5 Ngakube lubuyekezwa nini lolu hlelo?**

***Impendulo:*** *Njalo ngonyaka noma ngenkathi yonyaka.*

## 8. Ukudidiyelwa Nezinhlelo Zezifundo

**8.1 Ngakube uhlelo lwe*SI* luhambisana kanjani nemiphumela yezifundo?**

***Impendulo:*** *Luqikelela izinhloso zokufunda luphinde futhi luhambisana nemiyalelo yokufundisa.*

**8.2 Ngakube othisha bayasebenzisana nabaholi be*SI*?**

***Impendulo:*** *Yebo, ukuze kuqinisekiswe ukuvumelana nokusekelana uma kufundiswa.*

**8.3 Ngakube uhlelo lwe*SI* lukweseka kanjani ukufunda ngokwahlukahluka?**

***Impendulo:*** *Ngokuhlinzeka ngezindlela zokuvumelanisa (izinhlanganiso zeSI ezibukhoma ku-inthanethi) kanye nokusekela ngezinhlelo (izinhlanganiso zamaSI aqoshiwe).*

**8.4 Ngakube izinhlanganiso ze*SI* zihlobene nemisebenzi yokuhlolwa?**

***Impendulo:*** *Ziseka ukulungiselela izivivinyo kodwa azinawo amamaki.*

## 9. Ukubandakanya Nokufinyeleleka

**9.1 Ngakube abafundi abakhubazekile bayakwazi ukuhlinzekwa ngezinhlelo ze*SI*?**

***Impendulo:*** *Yebo, ikhona imiyalelo oyisebenzisayo ukuze usizakale ngohlelo lukaMicrosoft Teams.*

**9.2 Ngakube abafundi abakwamanye amazwe bangaba yingxenye yalolu hlelo?**

***Impendulo:*** *Yebo, kodwa izikhathi zalezi zinhlanganiso zeSI zihlelwe ngokuhambisana neGMT+2.*

**9.3 Ngakube iyafakwa imibhalo ehambisana nomuntu ngesikhathi ekhuluma?**

***Impendulo:*** *Yebo, uMicrosoft Teams unalo uhlelo lwale mibhalo (imibhalo engezansi).*